# IBhayibheli LaBantwana
## Likulethela



# Indoda Yomlilo

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Lazarus; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: E. Frischbutter

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala


Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org


©2025 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.



Konke kwakubukeka kukubi ku-Israyeli. Inkosi nendlovukazi babemzonda uNkulunkulu. Yeka isibonelo esibi! Ngokushesha abantu nabo bamzonda uNkulunkulu futhi bakhulekela onkulunkulu bamanga. Ingabe ukhona owayemthanda uNkulunkulu?




Yebo, kwakunabakhulekeli abambalwa abathembekile. Ngolunye usuku, uNkulunkulu wakhuluma nomunye wabo, u-Eliya.



3

U-Eliya watshela inkosi embi u-Ahabi, "Kuphila kukaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, ngeke kube namazolo noma imvula kule minyaka, ngaphandle kwezwi lami." Lokhu kwakusho indlala! UNkulunkulu wayengeke abavumele abantu Bakhe u-Israyeli ukuba baqhubeke nobubi babo.




4



Ngemva kokuxwayisa inkosi, uNkulunkulu wathumela u-Eliya endaweni ethulile ezweni. Lapho, ngasemfuleni, u-Eliya walinda. UNkulunkulu wathumela amagwababa ukuba azomphakela. Baletha isinkwa nenyama ekuseni nakusihlwa. U-Eliya waphuza emfuleni.

5



Ngokushesha umfudlana woma, ngoba kwakungekho mvula ezweni. IZwi likaNkulunkulu laligcwaliseka. Izwe lonke lalintula amanzi. Izitshalo azizange zikhule. Abantu babelambile. Mhlawumbe u-Eliya wayezibuza ukuthi kuzokwenzekani kuye njengoba amanzi engasekho.

6

UNkulunkulu wathi ku-Eliya, "Suka uye eSarefati, futhi uhlale khona. Bheka, ngiyalile umfelokazi ukuba akondle." Unkulunkulu wayezazi izidingo zenceku yaKhe. Kodwa yeka indlela eyinqaba yokuhlinzeka. Ngokuthobeka, u-Eliya wamlalela uNkulunkulu. Lapho efika eZarefati, lo mfelokazi wayesemasangweni omuzi etheza izinkuni zokubasa.



7


"Ngicela ungilethele amanzi amancane enkomishini," kubuza u-Eliya kowesifazane. "Ngicela ungilethele ucezu lwesinkwa." "Anginaso isinkwa," kuphendula umfelokazi. "Isandla nje sikafulawa emgqonyeni namafutha amancane embizeni."



Ngokudabukisayo, le ntokazi yatshela umprofethi ukuthi lapho sekuqediwe, yona nendodana yayo bayobulawa indlala.


8

"Ungesabi. Ngenzela iqebelengwane elincane ngayo kuqala, bese uzenzele wena nendodana yakho," kusho u-Eliya. "Impuphu namafutha ngeke kuphele, kuze kufike usuku uJehova anisa ngalo imvula emhlabeni." UNkulunkulu kwakuzodingeka enze isimangaliso ukuze lokho kwenzeke. Futhi wenza! Inkosikazi nendodana yayo badla izinsuku eziningi, kepha umgqomo kafulawa awuphelanga, nembiza yamafutha ayizange iphele.




9

U-Eliya wahlala nabo. Ngelinye ilanga kwenzeka into ebuhlungu. Indodana yomfelokazi yashona. U-Eliya wathwala isidumbu somfana wasiyisa ekamelweni eliphezulu. Wakhala kuJehova, wathi: "Jehova Nkulunkulu wami, ngiyakuncenga, umphefumulo walo mntwana mawubuyele kuye." Yeka umthandazo ongenakwenzeka




10

uJehova wezwa izwi lika-Eliya, umphefumulo womntwana wabuyela kuye, waphila. Lapho u-Eliya ethatha umntwana wamnika unina wathi, "Manje ngalokho ngiyazi ukuthi izwi likaJehova elisemlonyeni wakho liyiqiniso."



11

Ngemva kweminyaka emithathu, uNkulunkulu wabuyisela u-Eliya enkosini, ethi: "Ngizonisa imvula emhlabeni."




12

Uya ku-Ahabi? Umkakhe uJezebeli wayesebulele abaprofethi bakaNkulunkulu abayikhulu. Kodwa u-Eliya akazange aphikise. Waya eNkosini u-Ahabi.




13

Lapho la madoda amabili ehlangana, u-Eliya wabekela u-Ahabi inselele ukuba aqoqe wonke u-Israyeli nabaprofethi bamanga abangu-850. Endaweni ebizwa ngokuthi iNtaba iKarmeli, u-Eliya wakhuluma nabantu. "Uma uJehova enguNkulunkulu, mlandeleni."




14

U-Eliya wayenezinkunzi ezimbili ezilungiselwe umhlatshelo. Kodwa kwakungekho mlilo owawuzobasa. Wathi: "Nibize igama lawonkulunkulu benu, mina ngibize igama likaJehova; Futhi uNkulunkulu Ophendula ngomlilo, unguNkulunkulu." "Kukhulunywe kahle," kuphendula abantu.




15

Kusukela ekuseni kuze kube kusihlwa abaprofethi bamanga babiza onkulunkulu babo bamanga. Bagxuma badansa bazisika ngemibese baze bopha. Kodwa akuzange kufike umlilo.



16



U-Eliya wacwilisa izinkuni nomhlatshelo ngamanzi, wakhuleka.

"O Jehova, ngizwe, ukuze lababantu bazi ukuthi wena unguJehova uNkulunkulu..." Khona-ke umlilo kaJehova wehla. Yashisa inkunzi nezinkuni. Khona-ke yashisa i-altare lamatshe!

17

Lapho abantu bekubona, bakhala bathi, "uJehova unguNkulunkulu;" U-Eliya wathi: "Bambani abaprofethi bakaBali, ningavumeli noyedwa kubo abaleke." U-Eliya wenza lokho iNkosi u-Ahabi okwakufanele ngabe yakwenza kudala.


Wabulala abaprofethi bamanga.



18

Inceku kaNkulunkulu yabe isitshela u-Ahabi ukuthi imvula isendleleni. Ngokushesha kwavela ifu elincane. Ingabe kuzoba nemvula? Ngemva kweminyaka engaphezu kwemithathu

yesomiso esibulalayo?




19



Ngemva kwesikhashana isibhakabhaka saba mnyama ngamafu nomoya, kwaba nemvula enkulu. UNkulunkulu wathumela imvula. UNkulunkulu wabonisa abantu ukuthi u-Eliya wayebatshela iqiniso. UNkulunkulu wabonisa ukuthi Yena yedwa onguNkulunkulu weqiniso.

20



Ucabanga ukuthi iNkosi u-Ahabi yadumisa uNkulunkulu nenceku yaKhe u-Eliya? Cha! Eqinisweni, uJezebeli wazama ukubulala u-Eliya, kodwa wabaleka. Ekugcineni, u-Ahabi wafa empini futhi izinceku zasunduza u-Izebeli odongeni oluphakeme lwesigodlo. Ushayeke washona ematsheni angezansi.





Kwenzekani ku-Eliya? Ngelinye ilanga uNkulunkulu wathumela inqola yomlilo namahhashi omlilo; u-Eliya, umuntu kaNkulunkulu womlilo, wenyukela ezulwini ngesivunguvungu.



Indoda Yomlilo

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

1 Amakhosi 17-19, 2 Amakhosi 2

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130



# Yaphela

24 60



Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16